




ezokuthutha

UmNyango:

WezokuThutha

ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL



Transport Month Supplement

Bathobeke amanxeba kukhunjulwa izisulu zezingozi zomgwaqo



UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natali uMnuz Willies Mchunu kanye neNhloko yoMnyango uMnuz Chris Hlabisa esehlakalweni sengozu yemoto eyadlula nemiphefumulo yabantu abaningi.

I ndawo yaseMsinga isibe nesibelo esiphezulu lezingozi zomgwaqo ezadlula nemiphefumulo eminingi yabantu zashiya iningi labantu linezibazi ezihlukene lokhu okuhlanganisa inhlekelele yengozi eyenzeka kule ndawo ngesikhathi iloli livala ngehlala ebantwini abebabambe ulayini wokuyohlela impesheni.

Ukwelekelela ukwelapha iminjunju yeminyaka nokwelapha amanxeba kuleyo mindeni eyalahlekelwa ngabondli babo nabathandiweyo babo kulezizingozi ezihlasimulisa igazi, uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natali uMnuz Willies Mchunu ehambisana noNgqongqoshe wezokuThutha uMnuz Chris Hlabisa esehlakalweni sengozu yemoto eyadlula nemiphefumulo yabantu abaningi.

kulindeleke ukuthi lusatshalaliswe kusona sonke isifundazwe esikhathini esizayo.

URadebe uthe uMnyango wakhe wezokuThuthukiswa koMphakathi wamukela ngazo zombili ukusebenzisana noMnyango wezokuThutha ngalolu hlelo. Ngalolu hlelo kubhekwe ngalo ukunika usizo lwezokwelashwa ngengqondo kuleyo mindeni elahlekelwe kubuye futhi kuqwashiswe ngezokuphepha emgwaqeni.

UMchunu uthe uhlelo lokuthoba amanxeba luzosatshalaliswa kusona sonke isifundazwe saKwaZulu-Natali kulezo zindawo ezihlaselwa izingozi kakhulu.

Ubuye wathi ucwaningo lukhomba ukuthi ngokulinganisa kushona abantu abangu-40 emgwaqeni eNingizimu Afrika nsukuzonke, kuphinde kulinganiswe ku-140 wabantu

abasebenzisa umgwaqo abalimala ngenxa yezingozi. Lokhu kuholela ekutheni umnotho ulahlakelwe uR56 billion ngonyaka, amakhono alabantu abashonile kanye nemindeni yabo esala dengwane.

UMchunu ubese enxusa abantu ukuthi babambe iqhaza ngokushintsha indlela yokuziphatha ukuze kuphephe umphakathi abaphila kuwo kanye nemindeni yabo ngoba inani labantu ababulawa ubugebengu, iHIV/AIDS, udlame lwezepolitiki nokuthathelwa kwezimoto ngodli kuhamba phambili laKwaZulu Natal.

UMchunu uthe, “Silapha namhlanje ukuze sizozama ukubhula umlilo wabantu abafa emgwaqeni. Lezingozi zishiya izibazi ezingephinde zasuswa akukhathali ukuthi ingozi yenzeka nini”.

Uphinde wananela wathi,

“Uma sisebenzisana noMnyango wezeMpilo, uMnyango

wezokuThuthukisa uMphakathi, Amakhosi, esisebenzisana nabo kanye nabezenkolo, sifuna ukuqinisekisa ukuthi imindeni elahlekelwe izothola usizo lweze mpilo, imali yesibonelelo kanye nephuma esikhwameni sabalimale ezingozini zomgwaqo iRoad Accident Fund,” kusho uMchunu.

Abashonelwe babike ukuthi abakayitholi imali evela esikhwameni sabalimale emgwaqeni i-RAF. Uthe ezwa loko uMchunu wahlanganisa ithimba elizobekela ukuthi bayasithola isinxephezelo. Lelithimba lizobheka ukuthi amacala amadala athole ukuphenywa kabanzi.

Uphinde wagcizelela ukuthi emizamweni wokulwa nabantu abashonayoezingozini uMnyango wakhe ufuna ukuthi ukuphepha emgwaqeni kube ngesinye sezifundo ezikoleni ukuze uma umfundi eqeda ibanga leshumi usuke esephethwe izicucu ezimbili, esokushayela nesokuphuthula ibanga leshumi.

UMnyango wezokuThutha unalo uhlelo olubhekiswe kubaphuli bomthetho womgwaqo. Loluhlelo luzosebenzisana ne Administrative Adjudication of Road Traffic Offence noma i-ARRTO oluzo bheka liphinde lichaye amagama ezaphulimthetho.



UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natali uMnuz Willies Mchunu ekhanyisa ikhandlela ukukhumbula labo abalahlekelwa izimpilo zabo ezingozini zomgwaqo okuluhlelo olusazosabalala nesifundazwe sonke

‘prosperity through mobility’

Ungenisile u-Operation Hlasela esifundazweni Imiphakathi ehlushwa ubugebengu iwemukela ngelikhulu isasasa



UNdunankulu waKwaZulu-Natali uDkt Zweli Mkhize kanye noNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natali uMnuz Willies Mchunu ngenkathi kwethulwa uhlelo i-Operation Hlasela eMoorriver

Ukwethulwa kohlelo u-Operation Hlasela kwisifundazweni lwehluwa nguNdunankulu waKwaZulu-Natali, uDkt Zweli Mkhize ngoJuly kulonyaka sekube undabuzekwayo ekwembulweni kohlelo loMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi kuzo zonke izifunda zaKwaZulu-Natal. Loluhlelo luyingxenyeye yezikhali ezisetsenziswa uhulumeni ekuvimbeni ubugebengu kwimiphakathi yethu. Inhloso ebalulekile ngalolu hlelo ukuhlanganisa izinhlelo zokuvimbela ubugebengu, ukulwa nobugebengu, ukwenza ngcono izimo zomnotho nokuhlalisana kwabahlali kanye nokuthuthukisa ubumbano kubantu jikelele.

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi

kumele asukume ekulweni nobugebengu emiphakathini yethu.

UMchunu uthi: “Kumele sizibandakanye nomphakathi kuqala, sethule bonke ababambe iqhaza ukuthi basebenze ndawonye ekulweni nobugebengu. Umphakathi akumele uvumele amaqhawe obugebengu kwimiphakathi yethu, uphinde wanxusa osopolitiki ukuthi kubekhona abakwenzayo ngobugebengu, umphakathi kumele uvikeleke ebugebengwini.

UMacingwane ubonge amaphoyisa ngomsebenzi omuhle abawenzile, umphakathi unikele ulwazi nokusize amaphoyisa ekubambeni izigebengu, ekugqugquzeleni ukungatholi ibhuyili” kwizigebengu.

Inhloso ebalulekile yalolu hlelo ihlanganisa ukugqugquzela nokubekwa kwezinhlelo zokuvimbela ubugebengu, uxolo, nokuzinza endaweni, ukukhuluma ngobugebengu osebuvelile, kanye nobudlelwano kuhulumeni ekulweni nobugebengu ukuze kuzuzwe intuthuko ekhulayo emiphakathini.

Uhulumeni nababambi iqhaza bezinhlelo ezahlukeneyo bafake isandla ekusebenzisweni ekulweni nobugebengu. UMchunu uthi omasipala badinga ukuba nezinhlelo zokulwa nobugebengu, isabelo sezimali kanye nezinhlelo zokulwisana nobugebengu kuhlelo lwabo lohulumeni basekhaya. “Uma bengenazo ngabe yini imbangela, uma bedinga usizo ngqangi kuhulumeni kungaba yini?” kubuza uMchunu.

UMchunu ushiye amazwi enduduzo emindenini yabalahlekelwe esahlakalweni sokudubula eNtshongweni



UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natali uMnuz Willies Mchunu eyoduduza imindenini lapho kutheleke amadoda angaziwa ebusuku angana ngesankahlu maqede avulela ngehlamvu kumalungu amahlanu omndenini nelilodwa emndenini ongumakhelwane. Omunye wabasolwa usale enkundleni ngenkathi bedubulana namaphoyisa, kanti omunye uziyele yena mathupha emaphoyiseni. UHulumeni weSifundazwe uthwale izindleko zomngcwabo kubandakanya nokwelulekwa ngokwengqondo kumalungu nezihlobo zemindenini elahlekelwe.



UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natali usanda ukuba nomncintiswano obungazwa minyaka yonke womshayeli ovelele esifundazweni. Inhloso yalomncintiswano ukubheka iloli elihamba phambili kwimingcele emide kanye nabashayeli bamabhasi kwisifundazwe saKwaZulu Natal, ngokohlelo lokushayela i-K53.

Inhloso ebalulekile ngalo mncintiswano ukwenza ngcono ezokufundela ukushayela eMzansi Afrika kanjalo nokuthuthukisa izinga lokushayelwa kwezimoto

ezinkulu ngaleyondlela kunciphe nezingozi emigaqweni.

Lolu hlelo alugqugquzeli nje kuphela ezokufundela ukuphepha emigwaqeni, kodwa kuphinde kunikele ekuxhaseni kwezamabhizinisi nokwenza ngcono uqeqesho lwezabashayeli bezimoto ezisindayo ngoba abashayeli abanekhono/ abaqeqeshiwe bandisa ukusinda kwezimpilo zabantu.

Ababambi qhaza kulo mncintiswano banethuba elihle lokuqhathanisa hhayi nje amakhono abo nabanye abashayeli, kodwa nabanye abashayeli kuwo

Umqhudelwano i-Driver of the Year uyalikhuphula izinga lokushayela ngokucophelela emgaqweni

lomkhakha.

Inani lababambi-qhaza kulo mncintiswano wonyakawomshayeli ophambili kwisifundazwe lifike ku-50, abangu-12 bazoqhubekela kwizinga elilandelayo lomncintiswano (kuzwelonke).

Abashayeli bahlungwa ngokusebenzisa itheory test, pre-trip test, track test kanye ne road test? Umncintiswano wonyaka womshayeli ovelele uyakhula ngezigabaezhlukene, kuhlangukisa nokukhishwa kumazinga esifunda kanye nakuzwelonke nokuphelela kwimncintiswano yomhlaba-jikelele.

Umcimbi wawuxhaswe izinkampani ezahlukeneyo ezingu 23 nezanikezelwa ngezitifiketi zokunconywa.

Abaphume phambili ababili kumazinga ahlukeneyo omncintiswano bakhethiwe ukuqhubekela kumncintiswano wonyaka kazwelonke womshayeli ovelele.

Kulaboababambei qhazakuhlelo lwamabhasi bekungabashayeli

besifazane abangu-6, ababili balabo baphume baphume phambili omunye waphuma isibili.

UMandla Ngcobo wegatsha lesifunda saseThekwini sakwa Clover udle umhlanganiso kumncintiswano womshayeli wonyaka wesifundazwe nalapho ethole indondo yegolide, uphume phambili ngamanani angu 1, 536.

Kubhekeke ukuthi bonke abashayeli ababambe iqhaza kumncintiswano wonyaka womshayeli ovelele bazoba namakhono okushayela asethuthukisiwe naphephile baphinde babe ngamanxusa okuphepha emigwaqeni bashumaye izwi lokuphepha emigwaqeni.

Ephawula emcimbini wokuphepha emigwaqeni, uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha kanye nokuXhumanisa uMphakathi, uMnuz Willies Mchunu uthi, “Ngiphatheke kabuhlungu ngezimpilo eziphelela emigwaqeni yethu eNingizimu Afrika ngokungenasidingo.



UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natali uMnuz Willies Mchunu ekanye noMphathi wophiko lweZokuPhepha Emgaqweni uNksz Thoko Mabaso kanye nabebeqhudelana kwi-Driver of The Year.

Siyethemba ukuthi imicimbi efana nale izofundisa abasebenzisi bemigwaqo iphinde iqeqeshe abashayeli bezimoto ezinkulu ngamakhono afanele ukuze bakwazi ukuphumelela phambili ekushayeleni kwabo, bagcine sebemela izwe lethu kwimincintiswano yonyaka wonke kazwelonke yomshayeli ovelele bese bebekela isithombe esihle ngathi. UMchunu ubonge wonke umuntu obambe iqhaza ngokuthatha igxatha eliya phambili ekuzameni ukulwa nezingozi emigwaqeni. ngokuba ingxenyeye ebalulekile kulo mncintiswano.

Kuqhakanjiswa kakhulu ezokuthutha ngezitimela ngeNyanga yezokuThutha



UNgqongqoshe wezokuThutha kuZwelonke uMnuz Sbu Ndebele noNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu Natal uMnuz Willies Mchunu ngesikhathi kwethulwa ngokusemthethweni inyanga yezokuthutha ka-October eBridge City, KwaMashu.

Ukwethulwa kwenyanga yezokuThutha kwangalonyaka obekuseThekwini ithe ayifane nomqhudelwano weNdebe yoMhlaba ngesikhathi uNgqongqoshe wezokuThutha-jikelele uSibusiso Ndebele ethula ngokusemthethweni umzila wezitimela ongamakhilomitha amathathu ohamba ngaphansi.

Lo mzila omfishane uyingxeny yomsebenzi kaHulumeni obizwa ngokuthi yi-INK noma Inanda, Ntuzuma neKwaMashu wokuthuthukisa lezi zindawo.

Umsebenzi onzima ozokwenza ukuthi izifundazwe ezimbili iGauteng neKwaZulu-Natali zixhumane usemgqeni.

Umcimbi wokwethulwa kwenyanga yezokuThutha ezweni-jikelele wenziwa enxanxatheleni yezitolo e Bridge City KwaMashu futhi okwabe

kuhambisana nokuhalaliselwa ukufukulwa kwemiphakathi eyabe incishwe amathuba ngaphambilini emizamweni yokunciphisa inani labantu abathutholeka edolobheni uma bedinga ukwenza izidingo zabo ezitolo.

Ukuzama ukwelekelela ukwandiswa kwezokuthuthwa komphakathi ozosebenzisa le nxanxathela yezitolo, kwakhiwe isiteshi sesitimela esihamba ngaphansi ukwenza ukuthi ukusuka endaweni ukuya kwenye kube lula kubagibeli abazothenga.

Lo msebenzi ungongajwayelekile futhi uyingqayizivele e-Afrika yonkana. Lo msebenzi uzodla isamba semali engu-R128 million. Ilinganiselwa kwengu-25 000 imisebenzi ezosunguleka ukuqeda lesi sakhawo.

UNdebele uthetha, "Lesi sakhawo singesihamba phambili salolu hlobo

ezweni lonkana. Kuyasijabulisa ukuthi sibeyingxenyeyalomsebenzi ozofaka isandla emnothweni. Sibonga kakhulu abatshali-zimali."

Ngesikhathi sokwethulwa kwenyanga yezokuThutha yesifundazwe saKwaZulu-Natali, uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uWillies Mchunu ugqokelele ukubaluleka kukoqaphela emgwaqeni nokungashayeli kuphuziwe. Lokhu ukusho emcimbini wokwethula inyanga yezokuThutha yesifundazwe obubanjelwe eThekwini kuWarwick Avenue.

"Sekukuningi osekushiwo ukuxwayisa abantu ngobungozi bokushayela budedengu yize kunjalo abantu basakwenza konke lokhu ukubeka izimpilo zabantu engozini. Nginyanxusa ukuthi nisilekelele ekuhlengeni izimpilo zabantu emigwaqeni. Qaphelani,"

Abashayeli abathobela imithetho yemigwaqo babongwe emcimbini osezingeni eliphezulu

Umnincintiswano wokushayela okuhloswe ngawo ukuhlonipha labo bashayeli abahlonipha imithetho yemigwaqo nabakwazi kamhlophe ukuthi kusho ukuthini ukwenza kahle, wamukelwe ngelikhulu isasasa.

Ngalo mnincintiswano futhi ubekelwe ukuthi ube yisikhumbuziso kuwona wonke umuntu sokuthi nsuku zonke abantu baba yizisulu zezingozi zomgwaqo bese kuthi ngawo futhi lo mnincintiswano kuliwe ngawo ukuqedwa kokufa kwabantu engwaqeni ngokuthi kufundiswe ngezokuphepha emgwaqeni.

UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natali ngokubambisana nabakwaBrandHouse, Toyota, Road Traffic Management Co-operation (RTMC), abakwa-South African National Taxi Council (SANTACO) nangokuhlanganyela nabe-National Taxi Alliance benze umncintiswano womshayeli wetekisi ohamba phambili emcimbini wokunikezela ngomklomelo obuseThekwini eHilton Hotel maduze nje.

Ekhuluma nabebehambela umcimbi, iNhloko yoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natali uMnuz Chris Hlabisa uthetha, "Sesikhathele ukubona abantu abafayo ikakhululukazi intsha njengoba ngisho namatekisi

enganyelwe yiyo leyo ntsha."

Ube esenxusa bonke abantu ukuthi bathuthukise abashayeli bamatekisi ngokuthi bathole amakhono okushayela ngenhloso yokuzithuthukisa. UHlabisa ubuye wathi amaphesenti amaningi abalulekile abantu angu-64 noma abangu-48 million bathembele ematekisini, kungakabalwa amabhasi nezitimela nokuthi sihlanganyele lapha ngenxa yokuthi abashayeli bamatekisi kabanakho ukuhlonipha izimpilo zabantu.

Ubuye wathi ukuba khona kweTransport Academy kuwukuqeqesha lawo mabhizinizi aphethwe abantu abaNyama ukuthi bangaphathwa kanjani abantu ngendlela eyamukelekile. Kukhona uhlelo lukaZwelonke olukhona ukuqinisekisa ukuthi lolu hlelo lusebenza kuzona zonke izifundazwe.

Ube esenxusa bonke abantu ababehambela umcimbi ukuthi babe ngamanxusa ezokuphepha emgwaqeni.

Abashayeli abathole imiklomelo yilaba abalandelayo: Siyabonga Shezi olale isithathu wathola R2 500.00, Siphesihle Mangwe ophume isibili wathola u-R5 000.00 kwathi odle umhlanganiso kwaba nguSiphiwe Makhubu yena othole u-R7 500.00. Usoseshini odle umhlanganiso i-Osizweni Taxi Association.



UHlabisa ukhuthaza intsha ukuba ithathe imisebenzi yobuchwepheshe obuhambisana nesikhathi samanje

I Nhloko yoMnyango uMnuz Chris Hlabisa usenxusa intsha ukuthi ihambisane nesikhathi samanje ukuze ikwazi ukuzithuthukisa. Lokhu ukusho ekhuluma emhlanganweni wezamazibhizinisi noqeqesho kwezokuthutha emigwaqeni, emoyeni, emanzini nezezitimela.

Lengqungquthela ibihanjelwe

abantu abasha abaqhamuka ezifundeni ezahlukene ukuzothola ulwazi olunzulu kulomkhakha.

I Nhloko yoMnyango ichaze kabanzi ngokubaluleka kwabantu abasha ukuba babe yingxeny kulomkhakha, kanti uphinde wachaza ngamathuba atholakayo kulomkhakha.

Ekhuluma, uHlabisa uthetha,

"Njengabantu abasha sidinga ukuguqula izingqondo zethu njengabantu abaphuma emphakathini ebinganakekelwa phambilini, sicabange ngemikhakha engaphakathi kwezokuthutha, kungaba inqola yamasondo, izitimela, ezomoya. Maningi amathuba asilindile ngaphandle. Sidinga ukuthatha

lelithuba."

UHlabisa uncenge abantu abasha ukuthi bazibeke emathubeni aphezulu uma bekhetha izifundo zabo.

Uqhube wathi, "Abantu abasha akumelanga bazibeke phansi uma bekhetha izifundo zabo. Isibonelo; amantombazane amancane athanda ukusebenza ngaphakathi kunalawa afuna ukushayela amabhanoyi. Bagqoke kahle endizeni bebuza abagibeli ukuthi singakutholela okudliwayo inyama yenkukhu, akubona bonke abanikezela ngabasebenza endizeni.

Kulinganiselwa emaphesentini angu-75 impahla ethengiswayo nethengwa emazweni angaphandle kulesifundazwe emadolobheni as eThekwini nase Richards Bay. Lokhu ngungenisa 11% emnothweni wakuleli.

UHlabisa uthetha, "Inani lempahla ethuthwayo kusukela eThekwini, Richards Bay nakwezinye izifunda ezikuthelawayeka u N2 no N3 zilinganiselwa 23 million ngonyaka. Uthelawayeka u N3 ophakathi kwe Theku nase Goli iwona omatasatasa eNingizimu Afrika.

Seyenziwe lula impilo kubantu baseWembezi abasuke befuna ukungena ku-N3



UNgqongqoshe wezokuThutha kazwelonke uDkt Sbu Ndebele ekanye noNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal uMnuz Willies Mchunu bevula ngokusemthethweni iMpambana-mgwaqo yaseWembezi eMtshezi

Umphakathi uMnuz Willies Mchunu, iNhloko yoMnyango nezinye izicukuthwane muva nje bebeyovula ngokusemthethweni inhlukeno-mgwaqo eWembezi. UNdebele uthe abantu bakule ndawo banxusa uMnyango ukuthi wakhe le nhlukeno-mgwaqo engenelela ku-N3 njengoba umgwaqo wesifundazwe u-MR29 lapho uwelela kuseNyakatho yeWagonndrift Dam.

Lokhu kwabe kungukunika umphakathi owakhele ngasemgwaqeni i-MR29, Ntabamhlophe, White Mountain naseWestwards ngaseDrakensberg indawo yokuwela. Lomsebenzi udle isamba sika-R33 260 000. Le nhlukeno-mgwaqo kulindeleke ukuthi inciphise izaphula-mthetho, izngozi nokufa kwabantu okungenasidingo kule

ndawo. Izobuyeyenze ukufinyelela ezikoleni, ezibhedlela, emitholampilo nasedolobheni kube lula.

UNgqongqoshe uMchunu ube esenxusa abashayeli ukuthi bahloniphe imithetho yemigwaqo, bese befunda ukubekezelelana emgwaqeni wabuye wabalula nokuthi ukuphuza uphuzo oludakanayo kuphazamisa ezokuphepha njengoba izinga eliphezulu lophuzo oludakanayo egazini lenza umshayeli angakwazi ukulawula imoto.

Ube esenxusa abashayeli ukuthi bahloniphe ijubane elibekiwe kulowo nalowo mgwaqo njengoba ukungalihloniphi kungaholela ekufeni. Ubuye wanxena abashayeli ukuthi bayeke ukusebenzisa omakhalekhukhwini uma beshayela.

Isasasa eMsinga kuvulwa umgwaqo KwaKopi naseMvundlwini



UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natali uMnuz Willies Mchunu neNhloko yoMnyango uMnuz Chris Hlabisa bevula ngokusemthethweni umgwaqo uKopi naseMvundlwini eMsinga

Ngokomgomowo Mnyango wezokuThutha ukuqinisekisa ukuthi imiphakathi yasemakhaya ihlala inezokuthutha eziphephile, ezethembekile, ezingambi eqolo nezihlelekile ukuze ikwazi ukufinyelela ezikhungweni nasezindaweni okutholakala kuzona izidingo, imigwaqo iKwaKopi naseMvundlwini eMsinga ivulwe ngokusemthethweni.

Lemi gwaqo yaKwaKopi naseMvundlwini esanda kwakhiwa izoxhumanisa imiphakathi emibili - eyaseMachunwininaseBomvini. Le migwaqo izosiza ngokuthi inciphise ibanga imiphakathi ebikade ilihamba uma iya e-Greytown, Tugela Ferry naseKeates Drift. Ibanga elisuka KwaKopi ukuya eNhlesi selifinyezeke ngamakhilomitha angu-15.

Lokhu kufinyezwa kwebanga kwenza imiphakathi yonge imali besekunciphanesikhathi abasichitha besemgwaqeni nokungabenza bagcine sebeba yizisulu zezingozi.

Ibanga lomgwaqo waKwaKopi lingamakhilomitha angu-15 ladla isamba semali esingu-R39, 9 million, bese kuthi umgwaqo iMvundlwini ube ngamakhilomitha angu-18 kanti wona odle isamba

esingu-R18,5 million.

Indawo yaseMsinga ingenye yezindawo ezihlaselwe ububha nokungabikhonakwentuthukolokhu okuwumphumela wencindezelo yobandlululo. Yingakho uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natali ubeke eceleni isamba semali esingu-R170 million ukuphucula ingqalasizinda yentuthuko endaweni yaseMsinga.

UMnyango uzibophezele ngokuphelele ekwakheni ingqalasizinda futhi njengoba sikhuluma nje ingxeny yale mali isisebenzile ukwakha imigwaqo namabhiliji.

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu uthe, "Njengokwesithembiso esenziwa ozakwethu abangaphambili kwami ababebephethe lo Mnyango sokuqeda nya ububha ngokwenziwa kwezingqalasizinda nokuthuthukiswa kwemiphakathi yasemakhaya, ngakho-ke kuwumsebenzi wami ukuthi ngigcwalise lesi sithembiso yize kuke kwaba khona ukuthikamezeka kokuncishiswa kokusetshenziswa kwezimali okubangelwe wukusetshenziswa kwezimali ngokweqile okubhekene nemiNyango kaHulumeni".

Umphakathi waseNdumo ukushayele ihlombe ukuthuthukiswa komgwaqo



UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natali uMnuz Willies Mchunu kanye neNhloko yoMnyango uMnuz Chris Hlabisa bephendula isoyi lomgwaqo wobhuqu uP435 eNdumo eduze kwaseJozini.

Aziwuvali umlomo izakhamizi zaseMpendle ngentuthuko yemigwaqo esilethwe endaweni



UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natali uMnuz Willies Mchunu evula ngokusemthethweni umgwaqo uP127 eMpendle

Indawo yasoLundi ayisalanga ngaphandle ezinhlelweni zenyanga yezokuthutha



UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natali uMnu Willies Mchunu neNhloko yoMnyango uMnuz Chris Hlabisa bevula ngokusemthethweni omunye wemigwaqo emihlanu eyakhiwe eNkonjeni oLundi.